basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## FEBRUWARI/MASHI 2014

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-7.**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: amaminithi angama-30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

   ISIQEPHU A: Izindaba
   - Ubude bendaba

   Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo
   - Ubude bombhalo

   Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.
   QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo
   - Ubude bombhalo

   Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.
   QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240. (Ubude bungalinganiselwa ekhasini eli-1½ kuya kwama-2).

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Bhala indaba ngesihloko esithi: 'Mhla Sihlaselwa Yizikhukhula.' **[50]**

1.2 Ubuhle Bomuntu. Bhala indaba uveze kahle ukuthi wena ngokwakho ubuchaza kanjani ubuhle bomuntu. **[50]**

1.3 Bhala indaba ngesihloko esithi: 'Ukuhlukunyezwa Kwabafundi Ngabanye (bullying) Ezikoleni.' **[50]**

1.4 Wawufisa ukungenela umncintiswano womculo okhonjiswa kumabonakude ngezimpelasonto. Inkinga kwaba ukuthi lo mncintiswano wasuke waqondana nokuthi ubhala izivivinyo. Bhala indaba ngesihloko esithi: 'Ukube Angiphazamisekanga, Ngabe Ngidume Umhlaba Wonke Manje.' **[50]**

1.5 Abantu besilisa nabesifazane abafani. Indlela abenza ngayo izinto nabacabanga ngayo nayo ayifani. Bhala indaba ngesihloko esithi: 'Ukusebenzisana Phakathi Kwabesilisa Nabesifazane Kwenza Leli Lizwe Lithuthuke.' **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1




**[50]**

1.6.2



[Sicashunwe: www.disabled.com]

**[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **Incwadi Yobungani**

Umzala wakho uthole umfundaze wokuqhuba izifundo zobunjiniyela eMelika. Mbhalele **incwadi** umhalalisele futhi umgqugquzele ukuba afunde ngokuzimisela okukhulu. **[30]**

2.2 **Inkulumo**

UnguSihlalo wenhlangano yentsha elwisana nokungcoliswa kwemvelo. Bhala **inkulumo** ozoyethula emhlanganweni wokukhuthaza intsha Ukuthi izihlanganise nemikhankaso (campaigns) exwayisa abantu ngobungozi bokungcolisa imvelo. **[30]**

2.3 **I-intavyu**

Ungumethuli wezinhlelo esiteshini sikamabonakude. Umeme umculi obekubhalwe ngaye emaphephandabeni angempelasonto. Inhloso yokummema ukuzoxoxisana naye umnike ithuba lokuthi azochaza ukuthi obekubhalwe ngaye kuyiqiniso noma cha. Bhala **i-intavyu** ephakathi kwakho nalo mculi. **[30]**

2.4 **I-ajenda namaminithi omhlangano**

Ubukhethwe ukumela isikole sakho emhlanganweni obubizwe nguNgqongqoshe wezeMfundo ePhalamende. Kulo mhlangano bekuxoxwa futhi kufundiswa abantu abasha ngezokuvakasha nezokungcebeleka (entertainment). Bhala i-**ajenda ehambisana namaminithi** ngokuxoxwe kulo mhlangano. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **Isimemo**


Nifuna ukwenzela umama umcimbi wosuku lwakhe lokuzalwa. Bhala **isimemo** esizothunyelwa kulabo enifuna ukuthi bazojabula nani. **[20]**

3.2 **Isikhangisi**

Abazali bakho bavule indawo yokuvocavoca umzimba (gym). Bhala **isikhangisi** esizoheha abantu ukuze basheshe bazojoyina kule ndawo. **[20]**

3.3 **Inkombandlela**

Yalela umshayeli wetekisi, osuka e-Embassy ekuPretorius Street oya kothatha abagibeli eResidence House adlulele eFerravy Guest House nase Meintjieskop Guest House ayobabeka eGeorge Washington Blvd. Mnike imiyalelo yokuthi uzohamba kanjani.




[Icashunwe: www.map.com] **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**